Phinda nge: Amakhadi amachashazi e-4 siphindwe kabili nesi-9 siphindwe kabili Amakhadi amachashazi ka hhafu we-8 nohhafu wa-20 Buza ekilasini ukuze bakuphe izimpendulo ngemisho yezinombolo ezahlukene ukufanisana nokuphindwe kabili nokuhlukaniswe phakathi kumakhadi amachashazi. Gqugquzela abafundi ukuthi babone okuhlanu kumachashazi amnyama ngokugqamile emakhadini amachashazi nokusebenzisa lokho ukuthola izinombolo zamachashazi ngokushesha. Ngakhoke, ekuphindweni kwe-9 singabona isi-5 esiphindwe kabili njenge-10 kanye no-4 okuphindiwe njenge-8 ngakho i-9 siphindiwe yi-18.	 Oku-4 kuphindiwe no hhafu we-8  I-9 siphindiwe 

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kumele bazame umsebenzi womuntu ngayedwa onikeziwe ngesifundo sokuqalisa sokuqala (Lesson Starter 1). Abafundi kufanele baqedele imisho, babhale imisho ngaphansi komboniso kumakhadi amachashazi kushadi lomsebenzi.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 1

https://youtu.be/UMmzMVM-SS0

Igama:

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi Isifundo sokuqalisa I: Umsebenzi womfundi ngamunye

Qedela umusho noma ubhale imisho ngesithombe ngasinye.

1. I-4 siphindiwe



Ephindiwe ☐ yi- ☐

Amaqembu amabili ☐ yi- ☐

Kuphindwe kabili ☐ yi- ☐

☐ x 2 = ☐

2. Uhhafu we-8



Uhhafu we- ☐ yi- ☐

I-8 suhkukaniseke ka-2 yi- ☐

I-8 sihlukaniselwe aba-2 yi- ☐

☐ ÷ 2 = ☐

3. I-9 siphindiwe



4. Uhhafu wa-20



5. Kuphindiwe ☐

Dweba amachazi enombolo yakho:

6. Uhhafu we- ☐

Dweba amachazi enombolo yakho:

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 2

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Pop-Fizz ukuphinda nokuhlukanisa kufike kushumi

a. Uthisha uthi ‘pop’, abafundi bathi ‘fizz’; uthisha usho inombolo, abafundi baphendule **ngokuphinda** (noma isiphindaphindi nge-10 ngaphezulu):

Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 1	→	Abafundi: 2	
Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 5	→	Abafundi: 10	njalo njalo…

Ukuphinda kufike ku-10: 1 – 2; 3 – 6; 5 – 10; 4 – 8; 2 – 4.

b. Uthisha uthi ‘pop’, abafundi bathi ‘fizz’; uthisha usho inombolo, abafundi baphendule **ngokuhlukanisa phakathi** (noma isiphindaphindi nge-10 ngaphansi):

Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 8	→	Abafundi: 4	
Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 6	→	Abafundi: 3	njalo njalo …

Ohhafu kufike ku-10: 10 – 5; 6 – 3; 4 – 2; 8 – 4; 2 – 1

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizama ukuphinda nokuhlukanisa okusesisekelweni kuye e-20.

Qaphela: Amakhadi amachashazi okuphindaphinda ayatholakala ebhukwini i Print Master.

Isibalo: Xhuma i-8 siphindiwe = □ ;uhhafu we-16=□

Sebenzisa ikhadi lamachashazi e-8 liphindiwe. Goqa ikhadi ukukhombisa iqembu elilodwa le-8. Bese uyalivula ukubonisa amaqembu amabili e-8.

Uthisha: Yini i-8 siphindiwe?

Abafundi: 16

Bhala ‘i-8 siphindiwe = 16’ ebhodini

Uthisha: Yini uhhafu we-16? (Goqa ikhadi ngesikhathi usho lokhu ukubonisa ukuthi kuhlukaniswa kanjani ngokwenza amaqembu amabili alinganayo.)

Abafundi: 8

Bhala ‘uhhafu we-16 = 8’ ngezansi komusho wokuphinda ebhodini.

Lezi zibonelo zonke kufanele zihlale ebhodini.



Imisebenzi yomfundi ngamunye

Beka amakhadi amachashazi e-5 siphindiwe, i-7 siphindiwe Kanye ne-9 siphindiweebhodini. Abafundi kufanele babhale imisho yezinombolo zokuphinda nezokuhlukanisa ngalamakhadi.

Abafundi mabakhuthazwe ukuchaza ukucabanga kwabo.

Tshela abafundi BANGABALI ngakunye ngakunye.

Uma abafundi beshesha ukuqeda lemisebenzi, bacele ukuthi babhale imisho yezinombolo ngamanye amakhadi amachashazi.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa 2

https://youtu.be/8g1unCfK1Lo

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa 3

https://youtu.be/L2_MyczJOyU

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 3

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

I-Pop-Fizz ukuphinda nokuhlukanisa phakathi kuya kumashumi amabili
Ukuphinda kuya ku-20: 1 – 2; 3 – 6; 5 – 10; 4 – 8; 2 – 4; 6 – 12; 9 – 18; 7 – 14; 8 – 16; 10 – 20.
Ukuhlukanisa phakathi kuya ku-20: 10 – 5; 6 – 3; 4 – 2; 8 – 4; 2 – 1; 12 – 6; 18 – 9; 14 – 7; 16 – 8; 20 – 10.

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizilolongela ukuphinda neziphindaphindi ngeshumi.

Qaphela: Imicu yamachashzi iyatholakala ebhukwini i Print Master.

Inkinga: Xhuma ukuphinda ka-3 = ☐ ; ukuphinda a-30 = ☐ Sebenzisa imicu eyisithupha yamachashazi ayi-10 uwahlele ukuthi abonise a-30 ephindiwe. Uthisha: Siyazi oku-3 kuphindiwe = 6, ngakhoke yini a-30 ephindiwe? Abafundi: 60 Uthisha: A-30 ephindiwe nga-60, ngakhoke yini uhhafu wa-60? Abafundi: 30 Bhala imisho yezinombolo njengoba kukhonjisiwe, ucacise ukuthi i-6 kanye na-60 axhumene njengoku-3 nokunga-30. Tshela abafundi ukuthi bakhumbule ukuthi ukuphinda nokuhlukanisa Phakathi kuxhumene. Uthisha: Singasebenzisa imicu ukuthi imele i-10 kunokukhombisa amachashazi ayishumi ngaso sonke isikhathi. Khombisa abafundi ebhodini ukuthi amashumi angaboniswa kanjani futhi kusetshenziswa imicu emide oyidweba ebhodini.	O-3 kuphindiwe = 6  A-30 ephindiwe = 60 Uhhafu wa-60 = 30 

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje kufanele abafundi bazame lezi zibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

Oku-2 kuphindiwe	Oku-5 kuphindiwe	Oku-7 kuphindiwe
Oku-20 kuphindiwe	Oku-50 kuphindiwe	Oku-70 kuphindiwe

Tshela abafundi ukuthi BANGABALI nga-1. Kufanele basebenzise ukuxhumana abasanda kukufunda ukubhala ukuphinda okukhulu ngokushesha.
Uma kukhona abafundi abasheshe bayiqede lemisebenzi, banikeze owengeziwe ukuze bazilolonge:

Oku-3 kuphindiwe	Oku-8 kuphindiwe	Uhhafu we-4
Uhhafu we-8		
Okunga-30 kuphindiwe	Okunga-80 kuphindiwe	Uhhafu wa-40
Uhhafu wa-80		

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 4

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ukuphinda nokuhlukanisa izinombolo ezilula ukusebenza ngazo

Izinombolo ezinobungane ilezo okulula ukusebenza ngazo. Isikhathi esiningi lezi iziphindaphindi ngeshumi.

"Yini…?"

Uthisha: A-30 ephindiwe	→	Abafundi: 60	
Uthisha: I-10 liphindiwe	→	Abafundi: 20	
Uthisha: A-50 ephindiwe	→	Abafundi: 100	
Uthisha: Uhhafu wa-40	→	Abafundi: 20	
Uthisha: Uhhafu wa-50	→	Abafundi: 25	
Uthisha: Uhhafu we-100	→	Abafundi: 50	njalo njalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizilolongela ukuphinda ngezinombolo ezinamadijithi amabili.

Qaphela: Imicu yamachashzi iyatholakala ebhukwini i Print Master.

Isibalo: A-35 ephindiwe

Sebenzisa imicu eyisithupha yamachashazi ange-10, kanye nemibili yemicu anga-5, uwahlele ukuthi akhombise a-35 ephindiwe.

Uthisha: Umdwebo ukhombisa muphi umusho wezinombolo ophindiwe?

Khumbuza ikilasi ukuthi umucu o-1 (kungaba amachashazi noma ulayini) ubonisa ishumi eli-1.

Abafundi: A-35 ephindiwe (noma 35 + 35)

Uthisha: Singayithola kanjani impendulo?

Lalela uzwe abafundi abakhuluma ngokubeka amashumi ndawonye ukuthola amashumi a-6 noma i-60 nokubeka o-5 okubili ndawonye ukuthola i-10.

Bhala lendlela yokuhlakaza njengoba ikhonjisiwe ebhodini elingaphesheya.



Isibalo: 29 x 2 Phinda indlela yokuhlakaza wenzele a-29 ephindiwe njengoba kukhonjisiwe. Khumbuza ikilasi ukuthi ukuphindaphinda ngo-2 (noma x2) kuyafana nokuphinda kabili. Vumela/dedela abafundi bakusize ukugcwalisa ukuphinda ngamashumi kanye nemivo. Abanye abafundi bangathi 29 x 2 nga-60 – 2 = 58. Nalendlela kufanele yamukelwe.	

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame lezi zibonelo ezilandelayo:

A-41 ephindiwe A-36 ephindiwe A-47 ephindiwe

Abafundi kufanele babhale ukuhlakaza bese bebala ukuphinda ngamashumi nangemivo ngekhanda.

Abafundi kumele bachaze ukucabanga kwabo, isb. “A-47 ephindiwe ukuphinda a-40 (nga-80 lawo) bese kuthi i-7 siphindiwe (yi-14 lelo). 80 no 14 yi-80, 90, 94.”

Tshela abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.

Umsebenzi wasekhaya – Ishadi lomsebenzi 1

Ekupheleni kwesifundo sanamuhla, nikeza abafundi ishadi lomsebenzi 1.

Akudingeki ukuthi ubekele abafundi isikhathi uma benza lomsebenzi. Inhloso ukunikeza abafundi ukuzilolonga ngokubhalwayo emsebenzini ebebewenza ngekhanda.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 4

https://youtu.be/qnSniN-bIiU

Igama:

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi: Ishadi lomsebenzi 1

1.  6 + 6 = ☐	11.  8 + 8 = ☐
2. Uhhafu we-12 = ☐	12. 11 x 2 = ☐
3. 9 + 9 = ☐	13. Uhhafu we- ☐ = 8
4. I-7 siphindiwe = ☐	14. A-30 ephindiwe = ☐
5. ☐ x 2 = 16	15. A-50 ephindiwe = ☐
6. 	16. 
7. I-10 liphindiwe = ☐	17. Uhhafu wa-40 = ☐
8.  Uhhafu we-6 = ☐	18.  Uhhafu we-10 = ☐
9. 12 ÷ 2 = ☐	19. Uhhafu wa-70 = ☐
10. Uhhafu we-14 = ☐	20. 2 x 70 = ☐

Amanothi kathisha

Lapha ungenza amanothi ngesifundo kanye nokuthi yibaphi abafundi abasadinga ukusizwa ngesu lokuxhumanisa kusetshenziswa ishumi. Ungenza namanothi nganoma iyiphi enye into ofuna ukubhekana nayo/ukuyilungisa esifundweni sokuqalisa esilandelayo.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 5

https://youtu.be/t2jBnZHnn1Y

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 5

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi kwezinombolo ezinobungane

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizilolonga ngokuhlukanisa phakathi izinombolo ezinamadijithi amabili.

Isibalo: 62 ÷ 2 Khumbuza ikilasi ukuthi ukuhlukanisa ngoku-2 (÷ 2) kuyafana nokuzama ukuthola uhhafu. Uthisha: Singathola kanjani ukuthi yini uhhafu wa-62? Lalela ukuze uzwe abafundi abakhuluma ngokuhlukanisa phakathi a-60 ukuthola a-30 nokuhlukanisa phakathi o-2 ukuthola o-1, ukuze bathole impendulo e-31. Bhala lendlela “yokuhlakaza” njengoba ikhonjisiwe ebhodini elingaphesheya.	
isibalo: 76 ÷ 2 Phinda indlela yokuhlakaza ukuze kutholakale uhhafu wa-76 njengoba kukhonjisiwe. Khumbuza ikilasi ukuthi ukuhlukaniselana nga-2 (noma ÷ 2) kuyafana nokuhlukanisa phakathi. Dedela abafundi ukuthi bakusize ukugcwalisa ohhafu bamashumi nabemivo.	

Imisebenzi yomuntu ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame lezi zibonelo ezilandelayo:

Uhhafu wa-42 68 ÷ 2 34 ÷ 2

Abafundi kufanele babhale indlela yokuhlakaza bese bethola ohhafu bokweshumi nabemivo ngekhanda.

Abafundi kufanele bachaze ukucabanga kwabo,isb. “34 ÷ 2 nguhhafu wa-30 (yi-15 lelo) kanti uhhafu we-4 (o-2 lokho). I-15 no-2 yi-17.”

Tshela abafundi BANGABALI nga-1.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 6

https://youtu.be/fxDY11LlCsc

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 6

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Kusho ngenye indlela:

Sebenza ngezibonakaliso ezehlukahlukene zokuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi. Lokhu kungahlanganisa amagama anjengo ‘siphindiwe i-7’ no ‘hhafu we-16’, noma okunye okungasetshenziswa njengo ‘amaqembu amabili e-7’ noma ‘7 no 7’ noma ‘7 + 7’ noma ’16 ÷ 2’ noma ‘ishumi nesithupha lihlukaniselwe kwababili’.

Lokhu kungahlanganisa nokunikeza isithombe njengalesi esingezansi:

9	9
18	

Abafundi kufanele baphe izindlela zokusho noma zokubhala ‘siphindiwe i-9 = 18’ isib. 9 + 9 = 18 18 – 9 = 9
izishiyagalolunye ezimbili zenza i-18 $9 \times 2 = 18$

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi ngezindlela ezahlukahlukene.

Isibalo: Ephindiwe a-26 Cela abafundi ukuthi basho abakubonayo emdwebweni ngezindlela ezahlukene. Isibonelo, ephindiwe a-26 kuyafana na-26 x 2 noma ‘amaqembu amabili a-26’. Esinye isibonelo ukuthi ephindiwe a-26 o-2 ngaphezu kwa-25 aphindwe kabili ngoba iqembu ngalinye lino-1 ngaphezulu. Gcwalisela nganoma yimiphi imicabango evela kubafundi ngomdwebo. Abanye abafundi bangakupha ukubala ngokususa 52 – 26 = 26. Kubhale lokhu emdwebweni uma kunikeziwe. Ukuxhumanisa ukuhlanganisa nokususa kuyafundiswa njengesu ezifundweni zokuqalisa ezingasekugcineni.	

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele babhale ulwembu lwamaqiniso, njengaleli elingaphezulu, exhunywe na:

43 ephindiwe = 86

Abafundi kufanele bachaze ukucabanga kwabo,isb. “Ngiyazi a-43 na-43 nga-86” noma “A-43 ephindiwe nga-86, ngakho, Ngiyazi a-430 ephindiwe nga-860.”

Uma kukhona abafundi abashesha ukuwuqeda lomsebenzi, bacele bakhe olunye ulwembu lwamaqiniso axhumanayo beqala nganoma ikuphi ukuphinda kabili noma ukuhlukanisa phakathi abakukhethayo.

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 7

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi kweziphindaphindi ze-10, 100, 1000

"Yini i-…?"

Uthisha: 10 Liphindiwe → Abafundi: 20
Uthisha: 100 Liphindiwe → Abafundi: 200
Uthisha: 1000 Liphindiwe → Abafundi: 2000
Uthisha: uhhafu wa-40 → Abafundi: 20
Uthisha: uhhafu wa-400 → Abafundi: 200
Uthisha: uhhafu we-4000 → Abafundi: 2000 njalo njalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizilolonga ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi kweziphindaphindi ze-10.

Isibalo: ephindiwe a-34 → ephindiwe ama-340 → ziphindiwe i-3400 Uthisha: Singathola kanjani ukuthi a-34 ephindwe kabili yini? Lalela ukuze uzwe abafundi abakhuluma nokuphinda kabili a-30 ukuthola a-60 kanye nokuphinda kabili i-4 ukuthola i-8, ukuthola a-68. Uma abafundi bebanengcindezi ukubala lokhu ngekhanda, bhala lendlela yokuhlakaza njengoba ikhonjisiwe. Uthisha: Singakwazi ukusebenzisa esikwaziyo ngokuphinda a-34 ukukwazi ukuthola ukuthi ama-340 ephindiwe azo yini? Lalela ukuze uzwe abafundi abathi a-340 makhulu ngama-10 ngaphezulu kuna-34 ngakho ephindiwe a-340 makhulu angamashumi amaningi ngaphezulu kuna-68; lokhu nga-680.	 ephindiwe a-34 = 68 ephindiwe ama-340 = ☐
Isibalo: uhhafu wa-46 → uhhafu wa-460 Uthisha: Singathola kanjani ukuthi uhhafu wa-46 yini? Lalela ukuze uzwe abafundi abakhuluma ngokuhlukanisa phakathi a-40 ukuthola a-20 nokuhlukanisa i-6 ukuthola o-3, ukuthola a-23. Uma abafundi bebanengcindezi ukubala lokhu ngekhanda, bhala lendlela yokuhlakaza njengoba ikhonjisiwe.	

Uthisha: Singakwazi ukusebenzisa esikwaziyo ngohhafu wa-46 ukukwazi ukuthola ukuthi uhhafu wa-460 uzoba yini? Lalela ukuze uzwe abafundi abathi ama-460 maningi ngaphezulu ngokuyi-10 kuna-46 ngakho uhhafu wa-460 ungama-10 aphindwe ngokwa-23 = 230.	uhhafu wa-46 = 23 uhhafu wa-460 = ☐

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele babhale ulwembu lwamaqiniso, njengaleli elingaphezulu, elixhumanise a-:

45 ephindiwe	27 ephindiwe	uhhafu wa-82	uhhafu wa-76
450 ephindiwe	270 ephindiwe	uhhafu wa-820	uhhafu wa-760

Gqugquzela abafundi ukuthi babale ngekhanda okuphindwa kabili noma okuhlukaniswa phakathi okokuqalauma bengakwazi nokusebenzisa iphethini ukukwazi ukuphendula okuphindwayo noma okuhlukaniswa phakathi okulandelayo ngokushesha abangakwazi ukukwenza.

Umsebenzi wasekhaya – Ishadi lomsebenzi 2

Ekupheleni kwesifundo sanamuhla nikeza abafundi ishadi lomsebenzi 2.

Akudingeki ukuthi ubekele abafundi isikhathi uma benza lomsebenzi. Inhloso ukunikeza abafundi ukuzilolonga ngokubhalwayo emsebenzini ebebewenza ngekhanda.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 7

https://youtu.be/JJUPpmMdaAw

Igama:

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi: Ishadi lomsebenzi 2

1. A-32 ephindiwe nga- ☐	11. A-44 ephindiwe nga- ☐
2. 26 x 2 = ☐	12. 38 x 2 = ☐
3. 42 ÷ 2 = ☐	13. 86 ÷ 2 = ☐
4. Uhhafu we-110 = ☐	14. Uhhafu we-104 = ☐
5. A-23 ephindiwe = ☐	15. A-39 ephindiwe = ☐
6. Uhhafu we-36 = ☐	16. Uhhafu wa-48 = ☐
Ephindiwe a-31 nga-62	**Ephindiwe a-49 nga-98**
7. 2 x 31 = ☐	17. 2 x 49 = ☐
8. Uhhafu we-62 nga- ☐	18. Uhhafu wa-98 nga- ☐
9. 31 + 32 = ☐	19. 49 + 48 = ☐
10. A-31 ephindiwe= 30 + 30 + ☐	20. A-49 ephindiwe = 50 + 50 – ☐

Amanothi kathisha

Lapha ungenza amanothi ngesifundo kanye nokuthi yibaphi abafundi abasadinga ukusizwa ngesu lokuxhumanisa kusetshenziswa ishumi. Ungenza namanothi nganoma iyiphi enye into ofuna ukubhekana nayo/ukuyilungisa esifundweni sokuqalisa esilandelayo.

Support Video

Ukuphinda nokuhlukanisa phakathi 8

https://youtu.be/_qp_sjlzqLw

UKUPHINDA KABILI NOKUHLUKANISA PHAKATHI: ISIFUNDO SOKUQALISA 8

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa ngezinombolo ezinobungani/okulula ukusebenza ngazo

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifunso sakha amaqiniso anobudlelwano enobuhlobo nezinombolo ngokuphinda nokuhlukanisa phakathi okunikeziwe, kuhlanganiswa nokuphinda okuseduze.

Isibalo: I-17 liphindiwe Cela abafundi ukuthi basho abakubonayo emdwebweni ngezindlela ezahlukene. Isibonelo, 17 + 18 kufanele abe o-1 ngaphezulu kune-17 + 17. Esinye isibonelo ukuthi i-17 siphindiwe ngo-2 ngaphezulu kune-16 siphindwe kabili ngoba iqembu ngalinye lino-1 ngaphezulu kulona. Gcwalisela nganoma yimiphi imicabango evela kubafundi emdwebweni. Abanye abafundi bangakupha ukubala ngokususa 34 – 17 = 17. Kubhale lokhu emdwebweni uma kunikeziwe. Ukuxhumanisa ukuhlanganisa nokususa kuyafundiswa njengesu ezifundweni zokuqalisa ezingasekugcineni.	

Imisebenzi yomfundi ngamunye

1. Manje abafundi kufanele babhale ulwembu lwamaqiniso, njengaleli elingaphezulu, elixhumanise a-:

A-38 ephindiwe = 76

Isibonelo, ‘38 + 38 = 76’ noma ‘uhhafu wa-760 = 380’ noma ‘uhhafu ka hhafu wa-76 = 19’

Abafundi kufanele bachaze ukucabanga kwabo,isb. “ikota la-76 yi-19 ngoba ngihlukanise phakathi ngaphinde futhi ngahlukanisa phakathi”.

Tshela abafundi BANGABALI nga-1.

2. Abafundi kufanele bazame ukuphendula lemibuzo:

Yini a-99 ephindiwe?

Qedela lo musho: a-99 ephindiwe = I-100 liphindiwe – ☐

Yini a-49 ephindiwe?

Uma kukhona abafundi abashesha ukuwuqeda lomsebenzi, bacele bakhe olunye ulwembu lwamaqiniso axhumanayo beqala nganoma ikuphi ukuphinda kabili noma ukuhlukanisa phakathi abakukhethayo.

Igama:

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi: Isivivinyo esandulelayo

INGXENYE 1 — Imizuzu e-2 kuleli khasi

1.  7 + 7 = ☐	11. 14 + 14 = ☐
2. uhhafu we-14 = ☐	12. 7 x 2 = ☐
3. 9 + 9 = ☐	13. uhhafu we-☐ = 7
4. I-8 siphindiwe = ☐	14. I-100 liphindiwe = ☐
5. ☐ x 2 = 14	15. A-20 ephindiwe = ☐
6. 	16. uhhafu wa-☐ = 40
7. I-10 liphindiwe = ☐	17. uhhafu wa-50 = ☐
8.  uhhafu we-12 = ☐	18. 18 ÷ 2 = ☐
9. 10 ÷ 2 = ☐	19. uhhafu wa-30 = ☐
10. uhhafu we-18 = ☐	20. 2 x 60 = ☐

Isamba sisuselwa ku-20

Ukuphinda kabili nokuhlukanisa phakathi: Isivivinyo esandulelayo	
INGXENYE 2	Imizuzu e-3 kuleli khasi
1. A-42 ephindiwe = ☐	
2. 36 x 2 = ☐	
3. 64 ÷ 2 = ☐	
4. uhhafu we-102 = ☐	
5. A-99 ephindiwe = ☐	
6. uhhafu wa-38 = ☐	
7. uhhafu we- ☐ = 52	
Ephindiwe a-39 yi-78	
8. uhhafu wa-78 yi ☐	
9. 39 + 38 = ☐	
10. A-39 ephindiwe = 40 + 40 – ☐	
Isamba sisuselwa e-10	

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA

Isingeniso

Okubhekelwe ezifundweni zokuqalisa ezintathu okuqalwa ngazo, ukuhlanganisa kusetshenziswa ukusondezela kwinombolo okulula ukusebenza ngayo bese kulungiswa. Ezifundweni zokuqalisa ezintathu ezilandelayo, injongo isekususeni kusetshenziswa ukusondezela nokulungisa. Izifundo ezimbili zokugcina zinenjongo yokubala lapho inombolo engaphezulu kweyodwa ingasondezelwa kunombolo okulula ukusebenza ngayo. Izinombolo ezinobungani ilezo okulula ukusebenza ngazo. Ngokujwayelekile lezi kuba iziphindaphindi ngeshumi. Eminye imisebenzi iholwa nguthisha ebhodini kanti eminye eyabafundi ukuthi bayenze ngabodwana.

Amakhono okukhumbula ngokushesha

Ayisithupha amakhono okukhumbula ngokushesha okufanele abafundi bawazi ukuze bazi isu lokusondezela bese beyalungisa:

- Bala uqhubeke noma ubuyele emuva nge-10 kusukela kunoma iyiphi inombolo (isb. 12, 22, 32, noma 57, 47, 37, ...)
- Hlanganisa noma susa o-1, 2 no-3 kusukela kunoma iyiphi inombolo ngokuxhumanisa noma ukungaxhumanisi kusetshenziswa ishumi (isb. 49 + 1 = 50 noma 30 – 2 = 28; 49 + 2 = 51 noma 52 – 3 = 49).
- hlanganisa isiphindaphindi ngeshumi kunoma iyiphi inombolo (isb. 61 + 20 = 81)
- susa isiphindaphindi ngeshumi kunoma iyiphi inombolo (isb. 46 – 30 = 16)
- ukwazi isiphindaphindi ngeshumi esiseduze (isb. 47 usondelene na-50; 39 usondelene na-40)
- ukwazi ukuthi ufika kanjani kusiphindaphindi seshumi (isb. A-43 akude ngo-3 ku-40;19 likude ngo-1 ku-20).

Igama:	
Ukusondezela nokulungisa: Isivivinyo sangaphambili	
INGXENYE 1	Imizuzu e-2 kuleli khasi
1. 23 + 30 = ☐	11. 69 + 2 = ☐
2. 42 – 3 = ☐	12. 68 + 10 = ☐
3. 57 – 10 = ☐	13. 38 + 3 = ☐
4. 51 – 2 = ☐	14. 145 + 30 = ☐
5. 137 – 20 = ☐	15. 97 – 60 = ☐
6. 43 + 40 = ☐	16. 48 = ☐ – 2
7. 29 = ☐ – 1	17. 49 + ☐ = 50
8. 67 + ☐ = 70	18. ephindiwe a-50 = ☐
9. 97 = 100 – ☐	19. I-100 liphindiwe = ☐
10. 88 + ☐ = 90	20. 28 + ☐ = 30
Isamba sisuselwa ku-20	

Ukusondezela nokulungisa: Isivivinyo sangaphambili

INGXENYE 2 — Imizuzu e-3 kuleli khasi

1. $34 + 29 =$ ☐

2. $64 - 19 =$ ☐

3. $27 + 98 =$ ☐

4. $234 - 99 =$ ☐

5. $97 + 98 + 99 =$ ☐

6. 

$68 +$ ☐ $= 68 + 10 - 1$

7. 

$67 - 18 = 67 - 20 +$ ☐

8. $56 + 28 = 56 +$ ☐ $- 2$

9. $84 - 39 = 84 -$ ☐ $+ 1$

10. Kokelezela umusho wezinombolo onikeza impendulo efanayo na-:

$80 - 59$

$80 + 60 - 1$ — $80 - 60 - 1$

$80 - 60 + 1$ — $80 + 60 + 1$

Isamba sisuselwa e-10

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 1

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. Zungeza igumbi ka-10 ngaphezulu

Uthisha usho inombolo bese abafundi bephendula ngokuthi zungeza igumbi ka-10 ngaphezulu kunenombolo yokugcina.

Uthisha: 16
Umfundi 1: 26 → Umfundi 2: 36 → Umfundi 3: 46 → Umfundi 4: 56 njalo njalo.

b. Hlanganisa iziphindaphindi nge-10

"Yini a-…?"

Uthisha: 43 + 20 → Abafundi: 63
Uthisha: 35 + 20 → Abafundi: 55
Uthisha: 42 + 30 → Abafundi: 72 njalo njalo …

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sazisa isu lokusondezela nokulungisa.

Cela abafundi banikeze izimpendulo emsebenzini osebhodini (ovezwe ngakwesokudla) bese ubuza abafundi ukuthi baqaphelani. Uthisha: Yini oyiqaphelayo? Abafundi: Ukuhlanganisa i-9 kunikeza impendulo efanayo nokuhlanganisa i-10 ususa o-1.	Bhala ebhodini: 27 + 9 = 27 + 10 = 34 + 9 = 34 + 10 = 62 + 9 = 62 + 10 =
Uthisha: Izinombolo ezinobungani ilezo okulula ukusebenza ngazo. Ishumi inombolo enobungani. Kule lisu, uma sihlanganisa i-9, si **sondezela** inombolo 9 e-10. Senza lokhu ngoba iseduze kwe-10 kanti i-10 inombolo enobungani ngakho kulula ukuyihlanganisa. Bese sihlanganisa i-10 bese **silungisa** impendulo yethu ngokususa o-1 okungaphezulu esikuhlanganisile ngesikhathi sisondezela. Khombisa 27 + 9; 34 + 9 kanye na-62 + 9 ngolayini bezinombolo ebhodini. Uthisha: Lelisu/iqhinga silibiza **ngokusondezela** bese **siyalungisa**. Cela ukuthi abafundi basho amagama ukusondezela kanye nokulungisa baphimisele ukhombe lamagama ngesikhathi bewasho.	27 + 9  34 + 9  62 + 9  Bhala ebhodini: Ukusondezela nokulungisa

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

33 + 9 48 + 9 76 + 9 84 + 9

Abafundi kufanele bachaze imicabango yabo, isb. “Ngokwa-33 + 9, ngisondezela i-9 e-10 bese ngihlanganisa i-10 e-33 ukuthola a-43; bese ngilungisa impendulo ngokususa o-1, ngakhoke impendulo nga-42.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezela nalapho belungisa khona.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 1

https://youtu.be/jpwwvujejpI

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 2

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. I-Pop-Fizz: Isiphindaphindi nge-10 esiseduze

Uthisha uthi ‘pop’ abafundi bathi ‘fizz’; bese uthisha esho inombolo, abafundi baphendule ngenye inombolo.

Kuleveshini, abafundi kufanele baphendule ngesiphindaphindi ngeshumi esiseduzane.

Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 18	→	Abafundi: 20	
Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 37	→	Abafundi: 40	
Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 42	→	Abafundi: 40	
Uthisha: pop	→	Abafundi: fizz	
Uthisha: 33	→	Abafundi: 30	njalo njalo…

b. I-Pop-Fizz: Indlela yokweqela kusiphindaphindi nge-10 esiseduzane

Ngalesi sikhathi abafundi basho okufanele kwenzeke ukufinyelela kusiphindaphindi ngeshumi esiseduzane.

Uthisha: 7	→	Abafundi: +3	
Uthisha: 28	→	Abafundi: +2	
Uthisha: 19	→	Abafundi: +1	
Uthisha: 43	→	Abafundi: –3	
Uthisha: 32	→	Abafundi: –2	
Uthisha: 11	→	Abafundi: –1	njalo njalo …

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sethula isu lokusondezela nokulungisa ukuze sihlanganise.

Buza abafundi ukuthi bakhumbulani ngamasu okweqa. Uthisha: Ngesikhathi sisebenzisa isu lokweqa, sibale kanjani a-47 + 29? Vumela abafundi ukuthi bachaze indlela bese ucela umfundi ukuthi ayikhombise ebhodini. Khumbuza abafundi izinyathelo: **qopha**, **hlakaza**, **yeqa**/**gxuma** bese **uyaphendula**. Abafundi: Hlanganisa a-20 kuma-47 ukuthola a-67, bese uhlanganisa o-3 ukufika e-70, bese uhlanganisa (3 + 6 = 9).	Umsebenzi ophelele wasebhodini ukhonjiswe ngezansi: 
Uthisha Uthisha: Iyiphi inombolo enobungani a-29 asondelene nayo?	47 + 29

Abafundi: 30 Uthisha: Uma sisondezela a-29 ku-30 bese seqa/sigxume a-30 siya phambili ukusuka ku-47 singaba kuphi? Abafundi: 77(khombisa lokhu ebhodini) Uthisha: Ngabe a-77 impendulo yokugcina noma kufanele **silungise**? Buza abafundi bachaze isizathu sokulungisa impendulo: Sihlanganise okukodwa ngaphezulu, ngakhoke kufanele sisuse okukodwa kumpendulo ukuthola a-76. Bonisa lokhu kulayini wezinombolo ebhodini. Tshela abafundi ukuthi lendlela yokusondezela nokulungisa isebenza kahle uma inombolo eyodwa iseduzane kakhulu nenombolo enobungani.	 Hlanganisa kulayini wezinombolo: 

Umsebenzi womfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

26 + 19 54 + 39

Abafundi kufanele bachaze imicabango yabo, isb. “Ngokwa-26 + 19, ngisondezela i-19 ku-20 bese ngihlanganisa a-20 ku-26 ukuhola a-46; bese ngilungisa impendulo ngokususa o-1, ngakho impendulo nga-45.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezela nalapho belungisa khona.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 2

https://youtu.be/fGILndzXfSY

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 3

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. i-Pop-Fizz: Indlela yokweqela kusiphindaphindi nge-10 esiseduzane

b. Ukubala okusheshayo: Susa o-1, 2 noma o-3

"Yini a-…?"

Uthisha: 63 – 1 → Abafundi: 62
Uthisha: 54 – 2 → Abafundi: 52
Uthisha: 78 – 1 → Abafundi: 77
Uthisha: 61 – 2 → Abafundi: 59
Uthisha: 52 – 3 → Abafundi: 49 njalo njalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa isu lokusondezela nokulungisa ukuhlanganisa.

Uthisha: Uma sihlanganisa a-28 noma a-38 noma a-48 kunombolo, singakwazi ukusebenzisa indlela yokusondezela nokulungisa? Singakwazi ukuyisebenzisa ukuxazulula: 56 + 28? Iyiphi inombolo enobungani a-28 asondele kuyo? Abafundi: 30 Uthisha: Uma sisondezela a-28 ku-30 bese seqa a-30 siya phambili ukusuka e-56, singaba kuphi? Abafundi: 86 Uthisha: Sizowalungisa kanjani a-86? Buza abafundi bachaze isizathu sokulungisa impendulo: sihlanganise okubili ngaphezulu, ngakho kufanele sisuse okubili kwimpendulo ukuthola a-84. Bonisa lokhu kulayini wezinombolo ebhodini.	56 + 28  Hlanganisa kulayini wezinombolo: 
Uthisha: Uma sihlanganisa a-27 noma a-37 noma a-47 kwinombolo, singayisebenzisa indlela yokusondezela nokulungisa? Singakwazi ukuyisebenzisa ukuxazulula 56 + 37? Iyiphi inombolo enobungani a-37 asondele kuyo? Abafundi: 40 Uthisha: Uma sisondezela a-37 ku-40 bese seqa a-40 ukuya phambili, singaba kuphi? Abafundi: 96 Uthisha: Sizowalungisa kanjani a-96?	56 + 37  Hlanganisa kulayini wezinombolo: 

Buza abafundi bachaze isizathu sokulungisa impendulo: sihlanganise okuthathu ngaphezulu, ngakho kufanele sisuse okuthathu kwimpendulo ukuthola a-93. Bonisa lokhu kulayini wezinombolo ebhodini.	

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

25 + 18 44 + 48 65 + 27

Abafundi kufanele bachaze imicabango yabo, isb. “Nga-25 + 18, ngisondezela i-18 ku-20 bese ngihlanganisa a-20 ku-25 ukuthola a-45; bese ngilungisa impendulo ngokususa o-2, ngakho impendulo a-43.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezela khona nalapho belungisa khona.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 3

https://youtu.be/St5nSH_BdRE

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 4

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. Zungeza igumbi nge-10 ngaphansi

Uthisha usho inombolo bese abafundi bephendula ngokuthi zungezela igumbi ngoku-10 ngaphansi kunenombolo ekugcinwe ngayo.

Uthisha: 128
Umfundi 1: 118 → Umfundi 2: 108 → Umfundi 3: 98 → Umfundi 4: 88 kanjalo kanjalo.

b. Susa iziphindaphindi nge-10

"Yini a-…?"

Uthisha: 71 – 20 → Abafundi: 51
Uthisha: 59 – 30 → Abafundi: 29 kanjalo kanjalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa isu lokusondezela nokulungisa ukususa.

Uthisha: Singalisebenzisa isu lokusondezela nokulungisa ukususa izinombolo ezisondelene nalezo ezinobungani. Bese senza a-27 ehlanganiswa ne-9, sihlanganisa i-10 bese silungisa ngokususa okukodwa. Singenza a-27 – 9 njenga 27 – 10 bese silungisa **ngokuhlanganisa** oku-1 ngoba besithathe okukodwa ngaphezulu.	27 – 9 = 27 – 10 bese uhlanganisa o-1 
Uthisha: Asenze ukubala okungeziwe sisebenzisa ukusondezela nokulungisa ngokususa i-9. 34 – 9 uyafana na-34 – 10 (usondezela) bese uhlanganisa okukodwa obekuthathiwe (ukulungisa). Dweba umugqa wezinombolo njengoba kukhonjisiwe. Uthisha: Ngakho 34 – 9 = 25. Yenza 62 – 9 njengesinye isibonelo ngendlela efanayo ubonise umugqa wezinombolo ebhodini.	34 – 9  62 – 9 

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

23 – 9 48 – 9 76 – 9

Abafundi kufanele bachaze imicabango yabo, isb. “Ngokwa-23 – 9, ngisondezela i-9 e-10 bese ngisusa i-10 e-23 ukuthola i-13; bese ngilungisa impendulo ngokufaka o-1, ngakhoke impendulo i-14.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezele khona nalapho belungise khona.

Umsebenzi wasekhaya: Ishadi lomsebenzi 1

Ekupheleni kwesifundo sanamuhla nikeza abafundi ishadi lomsebenzi 1.

Akudingeki ukuthi ubekele abafundi isikhathi uma benza lomsebenzi. Inhloso ukunikeza abafundi ukuzilolonga ngokubhalwayo emsebenzini ebebewenza ngekhanda.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 4

https://youtu.be/qyCQU1S6M8w

Igama:

Ukusondezela nokulungisa: Ishadi lomsebenzi 1

1. 46 + 40 = ☐	11. 21 – 3 = ☐
2. 57 – 10 = ☐	12. 28 + 3 = ☐
3. 32 – 3 = ☐	13. 26 + 30 = ☐
4. 71 – 2 = ☐	14. 115 + 50 = ☐
5. 167 – 70 = ☐	15. Phinda a-20 = ☐
6. 38 = ☐ – 2	16. 19 = ☐ – 1
7. 68 + ☐ = 70	17. 32 – ☐ = 30
8. 99 = 100 – ☐	18. 49 + ☐ = 50
9. Phinda a-200 = ☐	19. 27 = 30 – ☐
10. Kokelezela ulayini wezinombolo obonisa 28 + 9  	20. Kokelezela ulayini wezinombolo obonisa 56 – 9  

Amanothi kathisha

Lapha ungenza amanothi ngesifundo kanye nokuthi yibaphi abafundi abasadinga ukusizwa ngesu lokuxhumanisa kusetshenziswa ishumi. Ungenza namanothi nganoma iyiphi enye into ofuna ukubhekana nayo/ukuyilungisa esifundweni sokuqalisa esilandelayo.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 5

https://youtu.be/VQ8va_RuHBQ

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 5

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. Zungeza igumbi nga-20 ngaphansi, nga-30 ngaphansi

b. I-Pop-Fizz: Isiphindaphindi nge-10 esiseduzane

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa isu lokusondezela nokulungisa ukususa.

Uthisha: Singalisebenzisa kanjani isu/iqhinga lokusondezela nokulungisa ukuxazulula: 47 – 29?	47 – 29
Uma abafundi bexineka/benengcindezi ukuchaza isu, buza:	
Uthisha: Iyiphi inombolo enobungani a-29 asondelene nayo?	Hlanganisa kulayini wezinombolo:
Abafundi: 30	
Uthisha: Uma sisondezela a-29 e-30 bese sigxumela/seqela emuva nga-30 ukusukela ku-47? Sizoba kuphi?	
Abafundi: 17 (bonisa lokhu ebhodini)	
Uthisha: Ngabe i-17 iyona mpendulo yokugcina noma kusafanele **silungise**?	
Buza abafundi ukuthi bachaze isidingo sokulungisa impendulo: Sisuse okukodwa okungaphezulu, ngakho kufanele sandise ngokukodwa kwimpendulo ukuthola i-18.	
Bonisa lokhu kulayini wezinombolo ebhodini.	
Tshela abafundi ukuthi lendlela isebenza kangcono uma inombolo esusiwe iseduze nenombolo enobungani (inombolo okulula ukusebenza ngayo).	

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

28 – 19 54 – 39

Abafundi kufanele bachaze ukucabanga kwabo, isb. “Ngokwa-28 – 19, ngisondezela i-19 e-20 bese ngisusa a-20 ku-28 ukuthola i-8; bese ngilungisa impendulo ngokufakela o-1, ngakho impendulo i-9.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezele nalapho belungise khona.

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 6

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. I-Pop-Fizz: Kweqiwa kanjani ukuya kusiphindaphindi nge-10 (khetha izinombolo ezinemivo 7, 8 ne-9, isb. 27 → 30; 58 → 60; 49→ 50)

b. Ukubala okusheshayo: Faka o-1, o-2 noma o-3

"Yini a- …?"

Uthisha: 61 + 2 → Abafundi: 63
Uthisha: 52 + 3 → Abafundi: 55
Uthisha: 77 + 1 → Abafundi: 78
Uthisha: 69 + 2 → Abafundi: 71
Uthisha: 58 + 3 → Abafundi: 61 njalo njalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo singenisa isu lokusondezela nokulungisa ukususa.

Uthisha: Uma sisusa a-28 noma a-38 noma a-48 kwinombolo, singayisebenzisa indlela yokusondezela nokulungisa? Singayisebenzisa kanjani ukuxazulula: 56 – 28? Uma abafundi bexineka/benengcindezi ukuchaza isu, buza: Uthisha: Iyiphi inombolo enobungani a-28 asondelene nayo? Abafundi: 30 Uthisha: Uma sisondezela a-28 e-30 bese seqela/sigxumela emuva nga-30 sisukela ku-56? Sizoba kuphi? Abafundi: 26(bonisa lokhu ebhodini) Uthisha: Kufanele siwalungise kanjani a-26? Buza abafundi ukuthi bachaze isidingo sokulungisa impendulo: sisuse okubili okungaphezulu, ngakhoke kufanele sihlanganise lokho okubili kwimpendulo ukuze sithole a-28. Bonisa lokhu kumugqa wezinombolo ebhodini.	56 – 28  Hlanganisa kulayini wezinombolo: 
Uthisha: Uma sisusa a-27 noma a-37 noma a-47 kunombolo, singalisebenzisa isu/iqhinga lokusondezela nokulungisa? Singalisebenzisa kanjani ukuxazulula a-56 – 37? Uma abafundi bexineka/benengcindezi ukuchaza isu, buza:	56 – 37 

Uthisha: Iyiphi inombolo enobungani a-37 asondelene nayo? Abafundi: 40 Uthisha: Uma sisondezela a-37 ku-40 bese sigxumela emuva nga-40 ukusukela ku-56? Sizoba kuphi? Abafundi: 16 (bonisa lokhu ebhodini) Uthisha: Kufanele sililungise kanjani i-16? Buza abafundi ukuthi bachaze isidingo sokulungisa impendulo: sisuse okuthathu okungaphezulu, ngakhoke kufanele sihlanganise lokho okuthathu kwimpendulo ukuze sithole i-19. Bonisa lokhu kumugqa wezinombolo ebhodini.	Hlanganisa kulayini wezinombolo: 

Umsebenzi womfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

45 – 18 84 – 48 65 – 27

Abafundi kufanele bachaze ukucabanga kwabo, isb. “Ngokwa-45 – 18, ngisondezela i-18 e-20 bese ngisusa a-20 ku-45 ukuthola a-25; bese ngilungisa impendulo ngokufaka o-2, ngakho impendulo nga-27.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezele nalapho belungise khona.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 6

https://youtu.be/kG9NCQ9gBPY

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 7

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

a. I-Pop-Fizz: Isiphindaphindi nge-10 esiseduzane

b. I-Pop-Fizz: Kweqiwa kanjani ukuya kusiphindaphindi nge-10 esiseduzane

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa isu lokusondezela nokulungisa ekubaleni lapho kunezinombolo ezingaphezulu kweyodwa ezingasondezelwa.

Uthisha: Singasebenzisa ukusondezela nokulungisa uma izinombolo zombili ziseduzane/zisondelene nezinombolo ezinobungani, isb. 19 + 39. Bonisa abafundi indlela yokusondezela nokulungisa ebhodini ukwenza 19 + 39. Ngesikhathi ubhala ebhodini,chaza: Uthisha: Singazisondezela zombili izinombolo ku-20 na-40 bese siyazihlanganisa ukuthola a-60. Songeze ngo-1 enombolweni ngayinye ngakhoke kufanele silungise ngokususa o-2 ku-60 ukuze Sithole a-58. *Qaphela: Uma silungisa zombili izinombolo, sibonisa lokhu ngesibalo esibhalwayo kunokubonisa kulayini wezinombolo.*	19 + 39 (sondezela zombili) = 20 + 40 bese uyalungisa – 2 (– 1 ngasinye) = 60 – 2 = 58
Uthisha: Ungakubenzisa kanjani ukusondezela nokulungisa ngokwa 28 + 49? Bonisa abafundi indlela yokusondezela nokulungisa yalokhu kubala ebhodini.	28 + 49 (sondezela zombili) = 30 + 50 bese uyalungisa – 3 (– 2 kanye no – 1) = 80 – 3 = 77
Uthisha: Ungakubenzisa kanjani ukusondezela nokulungisa ngokwa 57 + 59 + 48? Bonisa abafundi indlela yokusondezela nokulungisa yalokhu kubala ebhodini.	57 + 59 + 48 (sondezela zonke) = 60 + 60 + 50 bese uyalungisa – 6 (– 3, – 1, – 2) = 170 – 6 = 164

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

38 + 29 57 + 28 19 + 19 + 19

Abafundi kufanele bachaze abakucabangayo, isb. “Ngokwa-38 + 29, ngisondezela a-38 e-40 na-29 ku-30 bese ngihlanganisa a-40 na-30 ukuthola a-70, bese ngilungisa impendulo ngokususa o-3, ngakho impendulo nga-67.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezele nalapho belungise khona.

Uma abafundi behluleka ukuchaza ukusebenza kwabo, bacele bakukhombise indlela yabo ngokubhala (njengoba kukhonjisiwe emsebenzini osebhodini).

Umsebenzi wasekhaya: Ishadi lomsebenzi

Ekupheleni kwesifundo sanamuhla nikeza abafundi ishadi lomsebenzi 2.

Akudingeki ukuthi ubekele abafundi isikhathi uma benza lomsebenzi. Inhloso ukunikeza abafundi ukuzilolonga ngokubhalwayo emsebenzini ebebewenza ngekhanda.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 7

https://youtu.be/0TOGmefwNxQ

Igama:

Ukusondezela nokulungisa: Ishadi lomsebenzi 2

1. $56 + 29 = \square$

2. $54 - 38 = \square$

3. $45 + 37 = \square$

4. $325 - 99 = \square$

5. $47 + 49 + 48 = \square$

6. 

$47 + \square = 47 + 10 - 1$

7. 

$77 - 28 = 77 - 30 + \square$

8. $66 + 28 = 66 + \square - 2$

9. $95 - 39 = 95 - \square + 1$

10. Kokelezela umusho wezinombolo onikeza impendulo efanayo na-:

$80 - 39$

$80 + 40 - 1$ $\qquad$ $80 + 40 + 1$

$80 - 40 + 1$ $\qquad$ $80 - 40 - 1$

Amanothi kathisha

Lapha ungenza amanothi ngesifundo kanye nokuthi yibaphi abafundi abasadinga ukusizwa ngesu lokuxhumanisa kusetshenziswa ishumi. Ungenza namanothi nganoma iyiphi enye into ofuna ukubhekana nayo/ukuyilungisa esifundweni sokuqalisa esilandelayo.

UKUSONDEZELA NOKULUNGISA: ISIFUNDO SOKUQALISA 8

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Kuzungezwa igumbi nga-20 ngaphezulu, nga-30 ngaphezulu, nga-30 ngaphansi, nga-40 ngaphansi

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sikhetha isu elingcono ukulisebenzisa, sisebenzise ukusondezela nokulungisa njengesu ekubaleni okwenza lokhu kube lula.

Bhala amapheya amane ezibalo ebhodini njengoba kukhonjisiwe bese ucela abafundi ukuthi bathi: • imaphi abangawasebenzisela isu lokusondezela nokulungisa • imaphi abangasebenzisa isu elihlukile (njengesu lokweqa, ukuxhumanisa besebenzisa ishumi, nokuphinda kabili) Cela abafundi bakunike izizathu ngokukhetha kwabo. *Qaphela: 99 + 99 enziwe njenge 100 + 100 – 2 ukusebenzisa ukusondezela, ukuphinda kabili (ukuphinda i-100 nga-200) nokulungisa.* Xoxisana nabafundi ukuthi uma sebazi amasu ahlukene, bayokwazi ukukhetha isu elisheshayo ukusetshenziswa kanti futhi bayokwazi ukuwasebenzisa kanye kanye.	38 + 49 22 + 36 38 – 13 47 – 29 29 + 38 + 39 14 + 24 + 33 99 + 99 45 + 45
Buza abafundi ukuthi baxoxe ngokuthi bazokusebenzisa kanjani ukusondezela nokulungisa ukuxazulula lezi: 38 + 49 47 – 29 29 + 38 + 39 Abafundi kumele basho okunjengalokhu: • sondezela a-38 ku-40 na-49 ku-50, hlanganisa a-40 na-50 ukuthola a-90, bese uyalungisa ngokususa o-3 ku-90. • sondezela a-29 ku-30, susa a-30 ku-47 ukuthola i-17, bese uyalungisa ngokuhlanganisa ubuyisa o-1 ukuthola i-18. • sondezela a-29 ku-30 bese usondezela bobabili a-38 na-39 ku-40, bese uhlanganisa a-30 na-40 na-40 ukuthola i-110 bese ulungisa ngokususa o-4 ukuthola i-106.	38 + 49 47 – 29 29 + 38 + 39

Cela abafundi ukuthi baqedele lemisho ngemilomo: • Ukuhlanganisa i-18 kunombolo, ngifaka/ngihlanganisa _____ bese ngisusa ____ . • Ukususa i-18 kunombolo, ngisusa _____ bese ngihlanganisa ____ . Cela abafundi ukuthi bagcwalise amabhokisi abhalwe ebhodini njengoba kukhonjisiwe.	Ukuhlanganisa a-38 kupha impendulo efana na: + ☐ – ☐ Ukususa a-49 kupha impendulo efana na: – ☐ + ☐ Ukuhlanganisa a-99 kupha impendulo efana na: + ☐ – ☐ Ukususa a-28 kupha impendulo efana na: – ☐ + ☐

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele bazame izibonelo ezilandelayo *ngekhanda*:

29 + 48 37 – 28 39 + 28 + 49

Abafundi kufanele bachaze abakucabangayo,isb. “Ngokwa-29 + 48, ngisondezela a-29 ku-30 kanye na-48 kuya ku-50 bese ngihlanganisa a-50 na-30 ukuthola a-80, bese ngilungisa impendulo ngokususa o-3, ngakho impendulo nga-57.” Ngesikhathi uphinda izindlela zabafundi gcizelela lapho besondezele nalapho belungise khona.

Uma abafundi behluleka ukuchaza ukusebenza kwabo, bacele bakukhombise indlela yabo ngokubhala.

Support Video

Ukusondezela nokulungisa 8

https://youtu.be/mij_d45rw00

Igama:

Ukusondezela nokulungisa: Isivivinyo esandulelayo

INGXENYE 1 Imizuzu e-2 kuleli khasi

1. 34 + 20 = ☐	11. 29 + 2 = ☐
2. 42 – 3 = ☐	12. 68 + 10 = ☐
3. 57 – 10 = ☐	13. 38 + 3 = ☐
4. 51 – 2 = ☐	14. 145 + 30 = ☐
5. 178 – 30 = ☐	15. 97 – 60 = ☐
6. 43 + 40 = ☐	16. 48 = ☐ – 2
7. 29 = ☐ – 1	17. 79 + ☐ = 80
8. 37 + ☐ = 40	18. phinda a-50 = ☐
9. 97 = 100 – ☐	19. phinda i-100 = ☐
10. 88 + ☐ = 90	20. 28 + ☐ = 30

Isamba sisuselwa ku-20

Ukusondezela nokulungisa: Isivivinyo esandulelayo

INGXENYE 2 — Imizuzu e-3 kuleli khasi

1. $34 + 19 =$ ☐

2. $54 - 29 =$ ☐

3. $27 + 98 =$ ☐

4. $234 - 99 =$ ☐

5. $97 + 98 + 99 =$ ☐

6. 

$68 +$ ☐ $= 68 + 10 - 1$

7. 

$67 - 18 = 67 - 20 +$ ☐

8. $56 + 28 = 56 +$ ☐ $- 2$

9. $84 - 39 = 84 -$ ☐ $+ 1$

10. Kokelezela umusho wezinombolo onikeza impendulo ef'anayo na-:

$60 - 29$

$60 - 30 + 1$ $\qquad$ $60 + 30 + 1$

$60 + 30 - 1$ $\qquad$ $60 - 30 - 1$

Isamba sisuselwa e-10

UKUHLELA KABUSHA

Isingeniso

Izifundo zokuqalisa kulengxenye zibhekene nokuhlela kabusha *noma* ukuhlela ngenye indlela nangezindlela ezahlukahlukene ekuhleleni kabusha (ukushintsha ukuhleleka kwezinombolo ekubaleni) okungenza ukubala ngokuhlanganisa nokuphindaphinda kube lula. Ngokujwayelekile, lokhu kufaka ukuthola inhlanganisela eyenziwa izinombolo ezinobungani okwenza kube lula ukubala ngazo. Izinombolo ezinobungani, izinombolo okulula ukusebenza ngazo, zijwayele ukufaka iziphindaphindi ngeshumi. Nalapha eminye imisebenzi iholwa nguthisha ebhodini kanti eminye eyabafundi ukuthi bayenze ngabodwana.

Amakhono okukhumbula ngokushesha

Kunamakhono amabili okukhumbula ngokushesha okufanele ukuthi abafundi bawafunde njengesu lokuhlela kabusha/ngenye indlela:

- Ukubona inhlanganisela yezinombolo ehlanganisayo, noma ekhulisayo, ukwenza iziphindaphindi nge-10 (isb. 6 no-4 noma o-3 ne-7, kodwa futhi i-16 no-4 noma a-32 ne-18)
- Ukubona inhlanganisela yezinombolo engaphindaphindwa ukwenza iziphindaphindi nge-10 (isb. 2×5, 5×4).

Igama:

Ukuhlela kabusha: Isivivinyo sangaphambili

INGXENYE 1 — Imizuzu e-2 kuleli khasi

1. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-10.
   7 4 2 3 9

2. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-10.
   5 4 1 6 8

3. 6 + ☐ = 10

4. 9 + 11 = ☐

5. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-100.
   24 50 30 38 70

6. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-100.
   51 17 29 49 60

7. 20 = 8 + ☐

8. ☐ + 3 = 20

9. 

10. 56 + 30 = ☐

11. 100 + 14 = ☐

12. 2 x 5 = ☐

13. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-20.
   8 14 12 3 19

14. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-20.
   15 4 1 16 8

15. 50 x 2 = ☐

16. 140 + ☐ = 149

17. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-30.
   18 14 12 7 19

18. Kokelezela izinombolo ezimbili ezihlanganisa kuye e-30.
   10 14 9 16 13

19. 

69 + ☐ = 100

20. 22 + 18 = ☐

Isamba sisuselwa ku-20

Ukuhlela kabusha: Isivivinyo sangaphambili	
INGXENYE 2	Imizuzu e-3 kuleli khasi
1. $6 + 98 =$ ☐	
2. $17 + 48 + 13 =$ ☐	
3. $199 + 98 + 1 + 2 =$ ☐	
4. $37 + 56 + 13 =$ ☐	
5. $38 + 125 + 15 =$ ☐	
6. $2 \times 7 \times 5 =$ ☐	
7. $6 + 98 = 98 +$ ☐	
8. $96 + 58 + 4 = 100 +$ ☐	
9. $99 + 97 + 1 +$ ☐ $= 200$	
10. Kokelezela izinombolo ezimbili ezingcono ukuzihlanganisa kuqala kule sethi: 37 88 12	
Isamba sisuselwa e-10	

UKUHLELA KABUSHA: ISIFUNDO SOKUQALISA 1

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ngithi/uthi: Yenza i-10/yenza a-20

a. Uthisha usho inombolo enedijithi elilodwa abese eyalela ukuthi umfundi aphendule ngenombolo ehlanganisa kuleyonombolo ukwenza i-10.

Uthisha: 6 → Umfundi 1: 4
Uthisha: 3 → Umfundi 2: 7
Uthisha: 2 → Umfundi 3: 8 njalo njalo…

b. Uthisha usho inombolo phakathi koku-1 nokunga-20 abese eyalela ukuthi umfundi aphendule ngenombolo ehlanganisa kuleyonombolo ukwenza a-20.

Uthisha: 12 → Umfundi 1: 8
Uthisha: 13 → Umfundi 2: 7
Uthisha: 5 → Umfundi 3: 15 njalo njalo …

Yomibili lemidlalo ingadlalwa ngababili/ipheya. Ekufudumezeni okulandelelayo lomdlalo uyelulwa ukwenza ezinye iziphindaphindi ngeshumi.

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo singenisa isu lokuhlela kabusha.

Sebenzisa iminwe yakho ukukhombisa 5 + 3 njengoba kukhonjisiwe ngezansi bese ubhala 5 + 3 ebhodini: Uthisha: Lapha ngikhombisa iminwe e-5 ne-3 ngaphezulu Phambanisa izandla zakho (buka ngezansi): Uthisha: Manje la ngine-3 + 5, kodwa ngisabonisa ngeminwe elinganayo/efanayo. Ngakho sibona 5 + 3 = 3 + 5. Bhala 5 + 3 = 3 + 5 ebhodini. Yenza ezinye izibonelo ezimbalwa usebenzisa iminwe uphambanisa nezandla zakho, isb. 4 + 1 = 1 + 4.	Bhala ebhodini: 5 + 3 5 +3 = 3 + 5

Uthisha: Ngakho uma sihlanganisa izinombolo, ukuhleleka kwezinombolo uma sizihlanganisa akusho lutho.	
Bamba isikhwama esikhulu esandleni esisodwa, nesincane kwesinye. Uthisha: Manje cabanga ukuthi nginoswidi a-7 kulesi sikhwama (phakamisa isikhwama esincane) noswidi aba-76 kulesi sikhwama (phakamisa isikhwama esikhulu), ngakhoke ngine-7 + 76 woswidi. Phambanisa izandla zakho ngaphambi kokuthi uthi: Uthisha: Manje la ngi-76 + 7, kodwa ngisenenombolo efanayo yoswidi. Ngakho 7 + 76 = 76 + 7.	Bhala ebhodini: 7 + 76 = 76 + 7
Uthisha: Ngabe kuyashesha ukubala i-7 + 76 noma 76 + 7? Sebenzisa olayini bezinombolo ababili ukukhombisa ukuthi ukuhlanganisa i-7 ku-76 kushesha kakhulu kunokuhlanganisa a-76 ku-7 ngoba kunokweqa/ukugxuma okuncane. Dweba olayini bezinombolo ababili ukukhombisa lokhu. *Qaphela: Ulayini wezinombolo ukhombisa ukuhlanganisa nge-7 ngokuhlanganisa i-4 ku-76 ukuthola i-80, bese kuhlanganiswa no-3. Abanye abafundi bangakwazi ukusheshisa bahlanganise i- 7. Lokhu kuyancomeka/kuhle. Khumbuza abafundi ukuthi bangabali ngakunye.*	7 + 76  76 + 7 

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Yikuphi ukubala okungezansi okufanele kuhlelwe kabusha ngaphambi kokuthi kubalwe? Abafundi bangasebenzisa ulayini wezinombolo ngokusheshayo ukusizakala uma bekudinga.

5 + 46 86 + 6 7 + 68 84 + 9

Abafundi kumele bakhuthazwe ukuchaza ukucabanga kwabo, isb. “ngokwe-5 + 46, ngihlela kabusha ukuze ngithi 46 + 5, bese ngihlanganisa o-4 ukuthola a-46 ukuthola a-50 bese ngihlanganisa o-1 ukuthola a-50 ukuze ngithole a-51.”

Tshela abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.

Support Video

Ukuhlela kabusha 1

https://youtu.be/FIIM2einnNo

Support Video

Ukuhlela kabusha 2

https://youtu.be/PdZN9ZWaoDQ

UKUHLELA KABUSHA: ISIFUNDO SOKUQALISA 2

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ukubala okuxhumene (isb. 8 + 2 → 10; 18 + 2 → 20; 28 + 2 → 30)

Uthisha ubhala ukubala kokuqala ebhodini:

8 + 2 = 10

Uthisha utshela ikilasi ukuthi siyazi ukuthi i-8 sihlanganiswa no-2 silingana ne-10 bese ubuza impendulo ekubaleni okuxhumene. Yalela abafundi ngabanye okufanele baphendule.

Uthisha: 18 + 2 → Umfundi 1: 20
Uthisha: 28 + 2 → Umfundi 2: 30
Uthisha: 38 + 2 → Umfundi 3: 40 njalo njalo…

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sisebenzisa isu lokuhlela kabusha.

Isibalo: 5 + 47 Uthisha: Ukubala 5 + 47 singaqala ku-5 seqele phambili nga-47, noma singaqala ku-47 seqele phambili ngo-5. Yikuphi okuzoshesha? Dweba olayini bezinombolo ukubonisa zombili izindlela ebhodini uma kunesidingo ukukhombisa ukuthi 47 + 5 unokweqa/ukugxuma okuncane.	5 + 47 
Uthisha: Manje bheka lokhu kubala. Kubeke ngamaqembu amabili: ukubala lapho sizohlela kabusha ukwenza ngokushesha, nalokho okungahlala njengoba kunjalo.	Bhala: 23 + 9 15 + 47 8 + 63 68 + 7 6 + 93 57 + 26 Hlela kabusha Ungahleli kabusha

Umsebenzi womfundi ngamunye

Manje abafundi kufanele basebenzise imidwebo yolayini bezinombolo ukwenza ukubala okulandelayo. Abafundi kufanele babhale ukubala okuhlelwe kabusha, badwebe ulayini wezinombolo bese bebhala impendulo:

8 + 63 6 + 97

Abafundi kumele bakhuthazwe ukuchaza ukucabanga kwabo, isb. “ngokwe-8 + 63, ngihlela kabusha ukuthi ngithi 63 + 8, bese ngihlanganisa i-7 ku-63 ukuthola a-70 bese ngihlanganisa o-1 ku-70 ukuze ngithole a-71.”

Tshela abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.

UKUHLELA KABUSHA: ISIFUNDO SOKUQALISA 3

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Zungeza igumbi: Yakha izinombolo ezinobungani

Uthisha ubhala imisho yezinombolo ezintathu ezixhumene ebhodini ezenza izinombolo ezinobungani, isb. 7 + 3 = 10 17 + 3 = 20 37 + 3 = 40

Uzungeza igumbi, cela abafundi bakuphe eminye imisho yezinombolo ezixhume luleli phethini elakha izinombolo ezinobungani. Bhala izimpendulo zabafundi ebhodini.

Umfundi 1: 47 + 3 = 50 → Umfundi 2: 87 + 3 = 90 → Umfundi 3: 107 + 3 = 110 → njalo njalo.

Abanye abafundi bangathi 17 + 13 = 30 noma 37 + 23 = 60. Nalezi zingabhalwa ebhodini.

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sithola inhlanganisela yezinombolo ezinobungani ukwenza ukubala ngezinombolo ezintathu kube lula.

Isibalo: 26 + 17 + 4 Uthisha: Singakwenza lokhu kubala ngalolu hlelo, kodwa ngibona inhlanganisela yezinombolo ezinobungani kumusho wezinombolo. Ikuphi "inhlanganisela" yezinombolo ezinobungani? Abafundi: 26 + 4 = 30 Uthisha: A-30 inombolo enobungani. Manje, yini a-30 + 17? Abafundi: 47 Gqugquzela abafundi ukuthi basebenzise amasu okweqa ngekhanda ukubala lempendulo. Khumbuza abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.	26 + 17 + 4 26 + 17 + 4 30 26 + 17 + 4 = 30 + 17 = 47
Isibalo: 69 + 47 + 3 Uthisha: Thola "inhlanganisela" enobungani kulokhu kubala. Abafundi: 47 + 3 = 50 Uthisha: A-50 inombolo enobungani. Manje-ke, yini a-69 + 50? Abafundi: 119 Gqugquzela abafundi ukuthi basebenzise amasu okweqa ngekhanda ukuphendula a 69 + 50. Khumbuza abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.	69 + 47 + 3 69 + 47 + 3 50 69 +47 + 3 = 69 + 50 = 119

Imisebenzi yomfundi ngamunye

Manje abafundi kumele bazame izibonelo ezilandelayo ngokuqale bathole inhlanganisela yezinombolo ezinobungani bese bebala impendulo:

25 + 18 + 5 44 + 38 + 12 3 + 65 + 27

Abafundi kumele bakhuthazwe ukuchaza ukucabanga kwabo, isb. “ngokwa-25 + 18 + 5, ngiqala ngihlanganise o-5 kokunga-25 ukuthola a-30, bese ngihlanganisa i-18 ku-30 ukuze ngithole a-48.”

Tshela abafundi ukuthi BANGABALI nga-1.

Support Video

Ukuhlela kabusha 3

https://youtu.be/SdnTj8PZX-o

Support Video

Ukuhlela kabusha 4

https://youtu.be/F_1UiS4QAQ4

UKUHLELA KABUSHA: ISIFUNDO SOKUQALISA 4

Umzuzu o-1 wokufudumeza ingqondo

Ngithi/uthi: Yenza a-30/Yenza a-50

Ukulandelana komsebenzi

Kulesi sifundo sizilolongela ukuthola inhlanganisela yezinombolo ezinobungani phakathi ekubaleni.

